# Imininingwane yakamuva ngokuphathelene nanaHlomuli be-Thusano trust abaqoka ukudayisa amasheya abo

**Siyajabula ukukwazisa ukuthi ukuthengiswa kwamasheya akho e-Gold Fields kanye namasheya ase-Sibanye-Stillwater sekuphothuliwe, ngokuvumelana nokukhetha kwakho okwenziwe phakathi nenqubo yokhetho.**

Abahweba ngokuthengisa amasheya baqala ukuthengisa amasheya ngemva kosuku lokunikezwa ngokusemthethweni lwangomhla lu-1 Disemba 2025, besabalalisa ukuthengisa cishe emasontweni ayisithupha. Inani lokuthengisa lalihluka usuku nosuku, futhi manje njengoba ukuthengisa sekuphothuliwe, sinenani lokuthengisa lokugcina, eliyisilinganiso ngesheya ngalinye abahlomuli abangalisebenzisela ukubala imali abazoyikhokhelwa ngaphambi kokukhokhiswa intela kanye nezimali ezikhokhiswayo.

**Inani eliyisilinganiso sokugcina amasheya athengiswe ngalo:**

| Gold Fields | Sibanye-Stillwater |
|---|---|
| R739.09 | R56.25 |

Ungabuka isitatimende sakho samasheya kuphrofayili yakho ye-JIS *https://www.investecss.co.za/thusano/account/logon*.Shaya u-*120*1138# ukuze uhlole amasheya akho futhi uthole usizo (kulabo abanomazisi waseNingizimu Afrika). Noma, ungenza ingxenye yokubala ngokwakho uma wazi ukuthi siyini isabelo sakho samasheya:

| | Inani lokugcina lamasheya | | Inani lamasheya owabelwe wona | | Inani okufanele ulibize ngaphambi kokukhokhiswa intela kanye nezimali ezikhokhiswayo |
|---|---|---|---|---|---|
| Gold Fields | R739.09 | X | | = | |
| Sibanye-Stillwater | R56.25 | X | | = | |

## OKUBALULEKILE

**Uma ungena kuphrofayili yakho kusistimu ye-JIS/uthintana nesikhungo sezingcingo ukuze ubuke isitatimende sakho, uzophawula izinto ezimbili:**

## OKOKUQALA:

Ukuthi isistimu izobe ikwenzele ukubala okungenhla, kanye nokudonsa izimali zokwengamela ezifanele ebesikhuluma ngazo. Leli nani elibonisiwe lizoba inani lakho langaphambi kokukhokhiswa intela.

## OKWESIBILI:

Isistimu ibhekisela enanini lentela elingu-45%. **Sicela uqaphele:** ngaphandle uma usesigabeni sentela esiphakeme kakhulu, leli akulona iphesenti lentela imali oyikhokhelwayo ezokhokhiswa ngayo intela. Sisalinde isiqinisekiso esivela kwa-South African Revenue Services (SARS) mayelana nentela ngayinye ezosetshenziswa kumuntu ngamunye. Uma lokhu kutholakala, isitatimende sakho samasheya sizobuyekezwa ngendlela efanelekile.